


ULWESITHATHU LOMLOTHA

Imikhuleko ngesikhathi sokuqholwa ngomlotha kwamalunga emindeni.



Imindeni kufanele ilungise lezizinto ezilandelayo :

Itafula, elindlalwe ngendwangu emhlophe. Phezu kwetafula phakathi naphakathi ubeke ibhayibheli kanye nesiphambano. Eduze kweBhayibheli kanye nesiphambano ubeke amakhandlela amabili. Phezu kwetafula ubeke futhi isikhwama esinomlotha, obusisiwe ngumpriste esontweni ngoLwesithathu loMlotha.

Wonke amalunga omndeni awahlangane ndawonye endlini. U Baba kanye noMama noma nabanye ngaphandle kwalabo ababekhona emgubhweni. Akanike abanye ukuba bafunde izifundo noma bacule amaculo.

Uma sebekhona bonke sesingaqala umcimbi wethu ngeculo lokuzila.

Wo ngobukhulu benhlupheko - 6 verses

1. Wo! ngobukhulu benhlupheko, E! Msindisi wami.
Mhla uzidela nokuphila ngosindiso lwami.
Wawukhathazwa udunyazwa, ngobonga ngani eNkosini ngingenalutho?

2. Zonke izono engazenzayo, wangithwalela;
Onk' amacala enganginawo wangihlawulela.
Wanyamezela uthulile, ngobonga ngani eNkosini Ngingenalutho?

3. Wo! Ngobuhlungu bemivimbo owayithola;
Wo! Ngokusinda konqamlezo owaluthwala;
Wangikhokhela inhlawulo, ngobonga ngani eNkosini ngingenalutho?

4. Wo! Ngobuhlungu benhliziyo usuyalela;
Nokho eyakho iNhliziyo yathethelela;
Nezitha zakho wazihlenga. Ngobonga ngani eNkosini ngingenalutho?

5. Wo! Ngobuningi benyembezi ungililela;
Woz`ungesule inyembezi mhla ngiyalela.
Inhlungu zami wazithwala. Ngobonga ngani eNkosini ngingenalutho?

6. Nkosi, icala lam` linzima wongihawukela;
Woz`ungibheke ngobubele mhla kwahlulelwa.
Wongamukela ngomsa wakho. Ngobonga ngani eNkosini ngingenalutho?

P. Ngegama likaYise beneNdodana noMoya Ocwebileyo
Bonke. Amen.

P. Namhlanje wonke amakholwa emhlabeni wonke aqale izinsuku eziwu 40 okuyisikhathi sokulungiselela uMkhosi wePhasika. Kulokhu silandela isibonelo sezinsuku eziwu 40 zokuzila kukaJesu Kristo ehlane ngaphambi kokuba aqale ukufundisa obala abantu bakwaIsrael. Namhlanje uPriste ubusise lomlotha esontweni ukuba asikhuthaze ukuba siqale lesisikhathi sokuphenduka, isikhathi sokushitsha izimpilo zethu ekulaleleni izilingo zikaSathane sihloniphe imithetho kaNkulunkulu njengoba uJesu enza ehlane ngesikhathi sakhe sokuzila.
Namhlanje uJesu uyasibiza ukuba sihlawulele izono zethu, sishiye izono ngemuva siqale impilo entsha kanye naye.

P. Nkosi Jesu Kristo, ngaphambi kokuba uqale ukufundisa abantu waya endaweni ethulile ukuyothandaza kuNkulunkulu, ukuze uthole intando yakhe ngempilo yakho, sise ukuba sithandaze ndawonye kuNkulunkulu, uBaba ukuze sikwazi futhi ukufana nawe sishiye izilingo zikaSathane silandele imfundiso yakho ezinsukwini zonke zempilo yethu yomndeni. Njengomndeni sithanda ukuvuma izono zethu ezenze ukuba siphambane noNkulunkulu siphambane futhi nabanye abantu, ikakhulukazi nokuphambana kwamalunga omndeni. Sithanda ukuzwakalisa ukushiya izono zethu zonke sicele futhi intethelelo yakho, intethelelo yabanye abantu kanye nentethelelo kwamanye amalunga omndeni.
Siphe Nkulunkulu isibindi sokuba siyiqhube impilo yethu sindawonye kanye nawe njengabantabakho, njengabalandeli beqiniso bakaJesu Kristo, ngakho ke ekupheleni kwalenhlawulo singavuka kanye nawe ngodumo lokuvuka. Ngemikhuleko yethu sithanda ukusingatha bonke abagulayo, abangabodwana, izintandane, abampofu, labo abafayo ngakho ke siyakucela Nkosi ukuba usiphe ukukhuthazeka ukuthi ngalesisikhathi sokuzila sikwazi ukubasiza ezinkingeni zabo kanye nasezinhluphekweni zabo ngaleyondlela siyokwazi ukuba lethela uthando kanye noxolo. Sikucela ngaye uKristo iNkosi yethu.
Bonke. Amen.



Bonke abakhona bahlala phansi balalela izifundo eziyigcwele ezenziwa elinye lamalunga omndeni.

Isifundo:

Isifundo sithathwe encwadini uPaulus umphostoli ayibhalele abaseKhorinte.

Xolisani kuNkulunkulu..... Bhekani nasi isikhathi manje somusa.

Bazalwane, singamanxusa kaKristo, kungathi uNkulunkulu uyala ngathi. Sincenga, sengathi uKristo uncengisisa ngathi sithi, xolisani kuNkulunkulu. Yena owayengenasono, uYise wamenza umhlatshelo wokushweleza izono ngenxa yethu, ukuba thina senziwe ngaye ukulunga kuNkulunkulu.

Lokhu sisebenzisana naye uNkulunkulu siyancenga sithi: maningalamukeleli ize igrasiya likaNkulunkulu. Ngoba uthi: Ngesikhathi somusa wami ngikuzwile, ngosuku losindiso ngikusizile”. Bheka, nasi isikhathi manje somusa nantu usuku manje losindiso.
Nalo – ke izwi leNkosi.

Bonke: Kabongwe uNkulunkulu

Emva kwesifundo bonke bayasukuma bame uBaba kumbe uMama athathe umlotha lona obusiswe esontweni, awuqhole emakhanda amalunga omndeni ethi:

Phendukani ezonweni zenu nikholwe iVangeli.

Ngesikhathi sokuqholwa ngomlotha leliculo elilandelayo lingashiwo:

Lolo suku olumnyama:

Lolo suku olumnyama lwaphenduka ngomzuzwana.

|: Wonk`umhlaba ub`ubumlotha.:|

Konke kuyothuthumela, mhla kuvela umahluleli,

|: Ezohlolisisa konke:|

Icilongo lizobiza abangcwatshiweyo bonke,

|: Beze ecaleni lelo:|

Boyovuka ekufeni ngesimanga esikhulu,

|: Baphendule ecaleni:|

Kuzopheywa encwadini, okulotshwe kuyo konke,

|: Okuswele ukunqunywa :|



Emva kokuqholwa ngomlotha bonke bamile umphathi nkonzo uyaqhubeka nemithandazo yezinxuso.

P. Ake simcele uNkulunkulu wethu ongafuni ukufa kwesoni kodwa ukuphenduka kwaso ngokusho lawamavesi alandelayo: **Yiba nesihawu Nkosi kubantu bakho.**

1. Nkosi, wena ohlukumezekile ngenxa yezono zethu. Yiba nesihawu kithina futhi usixolele izono zethu.

Bonke : Yiba nesihawu Nkosi kubantu bakho.

2. Nkosi siyakucela ngenxa yomndeni wethu okhona lapha kanye nabo bonke

Labo abasezindaweni ezahlukahlukene, sihlanganise othandweni kanye nasoxolweni lwakho futhi usinikeze isibindi ukuze sikwazi ukuxhasa yilowo nalowo ezinkingeni zethu.

Bonke : Yiba nesihawu Nkosi kubantu bakho.

3. Nkosi, sikhulekela bonke abakulomndeni wethu kanye nasemphakathini

Wethu labo abakushiyile wena Msindisi wabo kanye neNkosi, baphe igrasiya lokuphenduka babuyele kuwe wena onika ubuphelele bempilo kanye nenjabulo.

Bonke: Yiba nesihawu Nkosi kubantu bakho.

4. Ake sikhulekele labo abagulayo, abangabodwana, izintandane, abafekokazi

Kanye nabampofu: kwangathi uthando lwakho, lungabakhuthaza futhi bathole usizo ngokunakekela kanye nothando lwethu kubona.

Bonke: Yiba nesihawu Nkosi kubantu bakho.

Manje amanye amalunga omndeni angasho imithandazo yezinxuso zabo.

Emva kwalokho ophethe inkonzo uyaqedela ngomkhuleko:

Baba wethu.....

P. Nkosi Jesu Kristo, wanikela ngempilo yakho esiphambanweni ngenxa yokusindiswa kwethu, yamukela ukuzithoba kwentando yethu yokuphenduka esiyinikelayo kuwe ngomthandazo womndeni njenge khaya elincane lakho noma isonto lapho kuhlanguka bonke abafowethu kanye nodadewethu ngokholo. Wena ophila ubusa izikhathi ngezikhathi. Amen

Umpathi nkonzo usho manje amazwi esibusiso enza isibonakaliso sesiphambano. Bonke benza isibonakaliso sesiphambano kanye naye.

P. Sicela Nkosi ngokuhlulula kwethu ungasilethela sonke ubuphelele bempilo yaphakade.

Bonke Amen. *Manje bonke basho iculo lesikhathi sokuzila:*